ISOLEZWE (KZN)
20 Jul 2012, p.8

# Usejahe ukubuyela esikoleni ofakwe iso

**LUNGI LANGA**

SEYIZOBUYELA esikoleni ijabulile ingane (8) yaseGingindlovu, enyakatho neKZN, efakelwe iso ngemuva kokudlwengulwa lakhishwa ngesihluku ezinyangeni ezimbili ezedlule.

Le ntombazanyana yayeka ukufunda ngoba ichukuluzwa ezinye ngenxa yokulimala kweso layo okusolwa ukuthi lakhishwa ngumfana (15) wangakubo ngemuva kokuyidlwengula ngo-Ephreli.

Ukuya esikoleni bese kuyinto abengasayithokozeli kepha namuhla akukho afuna ukukwenza ngaphandle kokuphindela khona kulandela usizo aluthole emnyangweni weDental Techonology, eDurban University of Technology (DUT) abamfakele iso elisha elakhelwe yena.

Ubabekazi wale ntombazanyana obeyiphelezele ngesikhathi iyothola lolu sizo uthe into yokuqala eyishilo ngukuthi ifuna ukuzibuka futhi ifuna ukubuyela esikoleni ngoba isibona iso layo libukeka kahle.

"Emuva kokuphindela esikoleni phakathi noJuni, uqede isonto elilodwa kuphela esikoleni ngoba izingane bezimbuza ngeso lakhe lokufakelwa (ebelingamlingani kahle), zibuza nokuthi kwenzekani esweni lakhe langempela. Lokhu bekumhlukumeza kumenze azizwe enengcindezi okungangokuba size sathi akame esikoleni," kusho ubabekazi.

Wayefakelwe iso okwakubonakala ukuthi akulona elakhe.

UMnuz Peter Furber obephethe uhlelo lokwakhelwa nokufakelwa kwayo iso ubabaze isibindi sayo le ngane njengoba ikwaze ukumelana nohlelo lwezinsuku ezine lokuyifaka iso.

"Usuku lokuqala lube nzima ngoba ubekhala edinga ukwesekwa ngubabekazi wakhe nje kuphela. Kimina bekubalulekile ukuthi ngimenze azizwe ephephile," kusho uFurber.

Uthe emuva kokuzama ukumenza akhululeke ekuqaleni kohlelo, lokhu kulandelwe ukukalwa kwesikhala (eye socket) ukuze iso lingene lithi khaxa kusona.

Babe sebelakha iso lakhe balipenda ukuze lifane naleli langakwesokudla elikhona.

Uthe okuhle kakhulu ngaleli so wukuthi linomnyakazo ongu-80% futhi alibukeki lihlukile kuleli langempela kanti lakhelwe yena.

Abelifake ekuqaleni esibhedlela iNgwelezane bekuyileli elifakwa yiwo wonke umuntu, elenzelwe ukuthi lingene lingahlali khaxa.


Uhlelo lonke lokufaka iso lubize u-R15 000 kanti phezu kwalokhu i-DUT yiyo ehlinzeke ingane nobabekazi ngendawo yokuhlala ngesikhathi kulungiselelwa ukufakwa kweso.

UFurber uthe ubelokhu efunda ngodaba lwale ngane efisa sengathi kungakhona okwenziwayo ukuyisiza wase ethola ucingo ngenyanga edlule luvela kumuntu mumbe owayecela ukuthi asize le ngane.

Uthe ukuyisiza kumfikisele ngomunyu.

"Kuyajabulisa kuphinde kufikise umunyu ukuba yingxenye yomzamo wokumsiza ngoba into enjengalena bekungafanele yenzeke kwasekuqaleni. Kepha kuyajabulisa ukuthi kukhona obekungenzeka ukwenza isimo sakhe sibe ngcono," kusho uFurber.

Uthe uyichazelile ingane ukuthi kuzofanele ilikhiphe zonke izinsuku ilihlanze kanti izophinde ibuyele kuyena njalo emuva kweminyaka emibili ukuze ifakelwe elinye iso ngenxa yokukhula kwendawo elihlala kuyona.



UMNTWANA owadlwengulwa wakhishwa iso ngumfana wangakubo ekanye noMnuz Peter Furber obephethe uhlelo lokufakwa kweso lakhe elisha Isithombe: NQOBILE MBONAMBI